



**SPEECH BY THE HON. THEMBENI KAMADLOPHA-MTHETHWA, THE
MEC FOR AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT IN KWAZULU-NATAL
ON THE OCCASION OF THE STAKEHOLDER ENGAGEMENT ON ANIMAL HUSBANDRY
AND FOOD SECURITY**

DATE: TUESDAY, 18 AUGUST 2026

VENUE: eMACHIBINI SPORTFIELD, MTUBATUBA, uMKHANYAKUDE DISTRICT

Programme Director,
His Worship, The Mayor of uMkhanyakude District Municipality, Cllr Siphile Mdaka.
His Worship, The Mayor of Inkosi Mtubatuba Local Municipality, Cllr Mxolisi Mthethwa
Amakhosi nezinduna
Abaholi boMdabu
Head of Department Dr Fikile Qwabe
Head of Ministry, Mr Jaconia Mngomezulu
Officials from the Department of Agriculture and Rural Development, uMkhanyakude
and Mtubatuba Local Municipality,
Abaholi nezinhlangano zabalimi
Agri-business Development Agency
Umphakathi waseMachibini naseMtubatuba namaphethelo
Members of the Media,
Sanibonani

Kuyinjabulo enkulu kimi ukuba nani namuhla lapha eMachibini ukuzodingida kabanzi ngezihloko ezimqoka emkhakheni wezolimo. Sisesifundeni uMkhanyakude, okuyisifunda esibusisiwe ngomhlaba ovundile, nangabantu abakhuthele, abakwaziyo ukusebenzisa igeja ngoba lapha niyakuqonda ukuthi igeja lihlala emhlabathini. Kodwa futhi siseSifundeni la izibalo zethu zasemakhaya zikhombisa ukuthi imizi engu-24 wamaphesenti udonsa kanzima, nokuthi uhhafu wemizi ukhombisa ukuthi ibhekene nendlala. Lesibalo asisamukeli. Yingakho sihlangele lapha eMachibini eMtubatuba kwelingafelwa nkonyane. Imiphakathi yalapha eMtuba kwaMsane, eNkatha, eZamani, kwaSomkhele naseGunjaneni isibizile ukuba sizothekela ngolwazi oluthinta imfuyo kanjalo nokuvikelwa kukudla. Thina njengoHulumeni sinesibopho esasenza sokuqinisekisa ukuthi sihlinzeka ngezidingongqangi kubalimi bethu ngale kokukhetha iphela emasini.

Omunye uzozibuza ukuthi kungani lezi zihloko ezimbili. Impendulo ithi yingoba emakhaya KwaZulu-Natali, inkomo enempilo ayisiyo nje imfuyo kepha iyingxenye yomnotho wekhaya, iphenduka imali yesikole, ibe yilobolo, ibuye ibe wumshwalense. Futhi uma imfuyo yethu inempilo, uma amadlelo ethu elawuleka kahle, uma amadiphu ethu esebenza ngendlela efanele, futhi uma abalimi bethu benolwazi nosizo, lokhu kuzokwenza ukuba amakhaya ethu ihlale inozinzo. Ngokwenzenjalo, izingane zethu ziyakhula.

EZEMFUYO



Mphathiwohlelo, ukufuya imfuyo kuyisisekelo somnotho wasemakhaya eMkhanyakude. Kodwa sibhekene nezinselelo ezinkulu:

1. Impilo yemfuyo: Sisanenselelo enkulu ephathelene nokukhinyabezwa isifo samatele kuzwelonke. Asibonge umsebenzi oncomekayo ophethwe oDokotela bemfuyo njengoba besaqhubeka nokugoma imfuyo. Sebadlula lapha eMtuba nasesiFundeni sonke uMkhanyakude nezinye izifunda eziyisishiyagalolunye. Ngaphandle kwemigomo yamatele, uMnyango uzokuqinisa imikhankaso yokulungiswa amadiphu kulesi sifunda.
2. Ukudla: Ngenxa yemvula ena izikhawu ngendlela engajwayelekile kulezinsuku, izindawo zethu zokwalusela zingaphansi kwengcindezi. Kusukela kuMeyi kuya ku-Okthoba, imizi eminingi ibhekana "nesikhathi sendlala". Kufanele sikhuthaze ukutshala ukudla kwezifuyo, ukuphatha kahle umhlabathi, nokusebenzisa ukudla okumelana nesomiso ukuze imfuyo yethu ihlale yondlekile uma imvula ingekho.
3. Uhlobo lokukhiqiza: Kufanele sisuke ekulimeni ukuziphilisa sigcine sibe ngabalimi abathuthukile. Abalimi bethu kumele babe nokufinyelela ezinkomeni zamaduna ezisezingeni, babe nolwazi oluthe thuthu lokuzaliswa kwezinkomo ngale kokusebenzisa inkunzi, baphinde futhi bakwazi ukubhala amarekhodi ukuze sikhiqize inyama nobisi oluningi.
4. Intsha Nabesifazane: Ukufuya akufanele kuhlale kuwumsebenzi wabantu abadala kuphela. Kufanele intsha nabesifazane bangenise kulomkhakha ngoba siyaluhlinzeka uqeqesho lwabo mahhala eMnyangweni, inqobo nje uma nizozihlela emiphakathini yenu. Sizofika qathatha, nithole ukuqeqeshwa ongoti. Siyadinga ke ukuba sibambisane ukwenza lokhu.

MAYELANA NOMKHANKASO WOKWANDISWA KOMTHAMO KOKUDLA

Mqondisi wohlelo, mayelana nokwandiswa komthamokokudla kusho ukuthi bonke abantu, ngazo zonke izikhathi, banokudla okwanele, okuphephile futhi okunomsoco.

EMkhanyakude, inselelo imayelana nokuthola izimakethe. Yingakho ke sinezinhlalo zokusiza abalimi ukuba imikhiqizo yabo idayiswe.

Sisathi ke mazibuye emasisweni; ngale komanyolo asisebenzise umquba wezinkomo ukukhulisa izivande namasimu ethu. Izivande kumele zondle imizi yethu kanjalo nemfuyo yethu. Sinezinhlalo zokusiza inqwaba yabalimi ngezimbewu nezithombo, ukubiyelwa nokuqeqeshwa.

Ezolimo Ezilungele Isimo Sezulu: Kulezinsuku sekunzima ukuqagula isimo sezulu. Kufanele sifundise abalimi ngezinhlelo zolimo ezilondoloza inhlabathi, ukuvuna amanzi, nezitshalo ezimelana nesomiso ukuze silime sihambisana nesimo sezulu.

Lomhlangano akuwona kuphela owomnyamgo wezolimo kepha ngowaMakhosi, izinduna, owezinhlaka zomphakathi ezifaka phakathi amakhansela nabobonke abahlali baseMtuba. Siyacela ukwesekwa emakomidini emiphakathi. Sisabanxusa oNdabezitha ukuba baqhubeka basikele abantu izindawo zokulima kepha futhi baqinisekisa ukuthi amadlelo awathintwa.

Siyaninxusa mphakathi ukuba nithenge kubalimi bendawo, abeluleki bezolimo abenze umsebenzi wabo wokweluleka ukuze abantu bathole usizo oluthe thuthu.

ISIPHETHO



Singayiyeki impi yokulwa nendlala eMachibini, eMtubatuba, nakuwo wonke uMkhanyakude.

Ngiyathokoza Mphathi wohlelo.

